education

Department:
Education
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE- 12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)
IPHEPHA LOKUQALA (P1)

JUNI 2020

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Lo mhlahlandlela unamakhasi ayi-10.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi kugxilwe emqondweni wempendulo, ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/ asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama angeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inikeze lona lokho kuyavumeleka.

3. Imibuzo edinga impendulo enjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa mamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/noma UMBONO / IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke, umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/ amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho, kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusamakwa.

7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikeziwe, uyawathola amamaki lapho umfundi ebhale impendulo ephelele kanje: A. Zamahlangu/ A (Okuwuhlamvu oluphelele).

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1

1.1.1 Ukwenyuka / ukukhula kwezindleko zokuphepha. ✓ (1)

1.1.2 Umbuzo othi yiliphi kanti ikhambi eliyosiza ukunqanda isihlava sobugebengu eMzansi? ✓ (1)

1.1.3 I-alamu iyakwazi ukukuluma indlebe uma kukhona odlula eduze kwendlu nozama ukugqekeza ngesikhathi ulele noma usahambile. ✓ (1)

1.1.4 Umehluko ngukuthi ngesikhathi sakudala kwakuvalwa ngamavelevele ngenhloso yokuvimba umoya ungafuqi isicabha kuvuleke umnyango abantu belele/ ukuba zingangeni izilwane. ✓ Kanti esikhathini sanamuhla khona kuvinjwa izigebengu ukuba zingakwazi ukugqekeza zingene ngaphakathi endlini ngesikhathi abantu belele. ✓ (2)

1.1.5 Umuntu othenga imoto ubhekana nezindleko zokufaka i-alamu ✓ ne-tracker ✓ emotweni yakhe ngaphezu kwemali eshisiwe ayikhokhele yona imoto. Kubuye futhi kudingeke ukuba akhokhele umshuwalense wayo ✓ imoto ukuze ukwazi ukuvala isikweletu sebhange uma kwenzeka yebiwa. (3)

1.1.6 A. ✓ Uma isikole sike saba nenhlanhla. ✓ (1)

1.1.7 Kuveza isithombe sokuthi izinga lobugebengu likhulu kakhulu kuleyo ndawo. ✓✓ (2)

1.1.8 Amazwi angumbuzombumbulu wonke/ ayimibuzo✓ etholakala esigabeni sesi-5 aqukethe umqondo wokuthi iningi kakhulu imali efakwa kwezamaphoyisa ngenhloso yokuba kuphephe umphakathi ezigebengwini. ✓✓ (3)

1.1.9 Yingoba izigebengu ziphila khona emphakathini phakathi kwabo abantu. ✓ Ngakho-ke yiwona umphakathi ongenza kube lula ukuba ziboshwe bese buyehla ubugebengu. ✓ (2)

1.1.10 Ngiyavumelana ngoba nokwebhayibheli ayizinhloko zemindeni ngakho-ke kumele ahlangane avikele imindeni yawo. ✓✓

NOMA

Angivumelani ngoba ngokomthethosisekelo abesilisa nabesifazane bayalingana, ngakho-ke akufanele kube ngamadoda kuphela agada izigebengu nabo abesifazane abawenze lo msebenzi. ✓✓
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.1.11 Amazwi adwetshelwe esigabeni sesi-7 asetshenziswe kahle ukwethula umyalezo wendaba kanje:

* Kuxhozeke izindleko zokuphepha lapho kuchaza ukwehla noma ukuncipha kwezindleko zokuphepha. ✓
* Isizwe siphandela emuva njengenkukhu ukuchaza ukuthi ubugebengu benza isizwe singabi nenqubekela phambili. ✓ (2)

1.2

1.2.1 Yilawa asezimotweni ✓/ Yilawa agibele ezimotweni ngoba amehlo awo ahamba phezu kwalawa amanye axoxayo okuwenza abone konke okwenzekayo kule ndawo. ✓/ Awaxoxi abheke ngqo endaweni ayigadile. ✓ / Awanakile okunye okwenzeka eceleni amehlo awo awabeke endaweni ayigadile kuphela. ✓ (2)
(Okubili kwalokhu.)

1.2.2 Ziqiniswe kakhulu ezokuphepha kuleli bhilidi ngoba sibona ugoqo lokuvimbela izimoto ukuba zingaveli zizingenele nje zishushuluze ngaphandle kokuba abashayeli bazo bakhulume nonogada kuqala. ✓ Ngaphezu kwalokho kubonakala onogada ababili abaqaphe leli bhilidi. ✓ (2)

1.2.3 Okufanayo ukuthi ezindaweni zombili kugqanyiswa indikimba yobugebengu. ✓ Umehluko ukuthi esigabeni sesi-2 kugcizelelwa ukuthi indlu isuke ingakapheli ukwakhiwa uma izinsimbi zokuvimbela ukugqekeza zingakafakwa emafasiteleni✓ kanti esithombeni sesi-3 khona-ke ngakolunye uhlangothi azibonakali lezi zinsimbi emafasiteleni. ✓ Ngakho-ke kubonakala sengathi isigebengu sizozingenela kalula nje kule ndlu. ✓ (4)

1.2.4 Uphumelele kahle umhleli walezi zithombe ukugqamisa indikimba yokubaluleka kwezokuphepha ngoba sibona amaphoyisa amaningi atshalwe endaweni ethile, izimoto zawo ezinkulu ezehlukile kwezejwayelekile✓ / onogada ababili nogoqo lokuvimbela izimoto. ✓ / Ngaphezu kwalokho sikhonjiswa nendlela izigebengu ezigqekeza ngayo ezindlini. ✓
(Okubili kwalokhu.)

NOMA

Akaphumelelanga kahle umhleli ukugqamisa indikimba yokuphepha kulezi zithombe ngoba nakuba ewavezile amaphoyisa amaningi kepha akucaci ukuthi enzani nokuthi agade bani. ✓ / Onogada nabo bazimele nje akukho moto ebonakala ingena izokuma esangweni ukuze kucace umsebenzi wogoqo lolu abalubambile. ✓ /
Nalona oshaya ifasitela akucaci ukuthi ukwenza lokhu ngenhloso yokugqekeza noma ngenhloso yokulilungisa. ✓
(Okubili kwalokhu.)
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

UMBHALO C

Amaphuzu acashuniwe		Amaphuzu owabeke ngamagama akho	
1	Isizwe samaZulu sidume ngokwazisana nangokuthandana kakhulu. Bayahambelana uma kukhona okuhle noma okubi okuvelile, zisiselane imfuyo, angisayiphathi-ke eyokwabelana uma kukhona oshadelwayo.	1	Abantu baKwaZulu bayezwana. Abomndeni bayahambelana uma kunemicimbi babelane uma kunemishado ekhaya.
2	Kunele kuzwakale umbiko wokuthi emzini othile sekuvele isifo noma kwehle umshophi othile, abantu batheleke bevela kuzo zonke izinkalo bezokhalisana, bahlanganise amehlo nalowo mndeni.	2	Umphakathi uyahlangana ubambisane uma kukhona umndeni ovelelwe yisifo endaweni.
3	Umshado uyamenyezelwa nje, kumenywe wonke umuntu ngoba phela umshado ngowesigodi sonke hhayi lowo muzi kuphela.	3	Uma kunomshado endaweni kwamukeleka wonke umuntu, akukhethwa ngoba umshado uthathwa njengomcimbi wesigodi sonke.
4	Kuthi kungonakele lutho nje umnumzane wekhaya avele agaye utshwala, aginqe inkunzi, kufinywe ngendololwane, kubuswe, kube njeya.	4	Umnumzane womuzi akenqeni ukuvele agaye utshwala, awise inkomo, abantu badle, bajabule.
5	AmaZulu ayisizwe esikwazisayo ukuvakashelana nokubuzana impilo ngisho kungonakeke lutho.	5	Isizwe saMaZulu sikukhonzile ukuhlala sivakashelana, abantu bahlolane ukuthi basaphila yini.
6	Umuntu usuka endaweni yakubo alibangise emadolobheni amakhulu eyofuna umsebenzi, afikele emzini angahlobene nhlobo nayo.	6	Umuntu wokuhamba uphathwa kahle emzini afikele kuwona uma ezobheka amatoho emadolobheni amakhulu.
7	Uthola izingane zomakhelwane zihlangene ndawonye, zidlala imidlalo enhlobonhlobo egwaqeni ngaphandle kokubandlululana.	7	Izingane zomakhelwane zidlala ngokuzwana imidlalo ehlukahlukene emgwaqeni.

UKUFINGQA NGESIGABA

Abantu baKwaZulu bayezwana. Abomndeni bayahambelana uma kunemicimbi babelane uma kunemishado ekhaya. Umphakathi uyahlangana ubambisane uma kukhona umndeni ovelelwe yisifo endaweni. Uma kunomshado endaweni kwamukeleka wonke umuntu, akukhethwa ngoba umshado uthathwa njengomcimbi wesigodi sonke. Isizwe saMaZulu sikukhonzile ukuhlala sivakashelana njalo, abantu bahlolane ukuthi basaphila yini. Umnumzane womuzi akenqeni ukuvele agaye utshwala, awise inkomo, abantu badle, bajabule. Umuntu wokuhamba uphathwa kahle emzini afikele kuwona uma ezobheka amatoho emadolobheni amakhulu. Izingane zomakhelwane zidlala ngokuzwana imidlalo ehlukahlukene emgwaqeni.

Inani lamagama = [74]

AMAMAKI ESIQEPHU B: [10]

INDLELA YOKUMAKA UKUFINGQA

- Abafundi mababhale inani lamagama abawasebenzisile ngokuyikho**.**
- **Ukwabiwa kwamamaki**
  - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7(imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
  - Amamaki ama-3 awolimi.
  - Amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo:**

  - 1-3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
  - 4-5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
  - 6-7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**

  - Amaphuzu acashuniwe ayisi-6 kuya kwayisi-7: akukho maki alitholayo lolimi.
  - Amaphuzu acashuniwe ukusuka kweli-1 kuya kwama-5: unikwa imaki elilodwa lolimi.

QAPHELA:

- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokwehluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (80), kumele kufundwe lowo musho kuze kufike lapho uphela khona umusho bese ingabe isabhekwa imisho elandelayo.

QAPHELA:

Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).
Isibonelo sokumaka ukufingqa:

- ✓ Ake sithi ingane ithole amaphuzu acashuniwe ama-2 (C) yase ithola ahunyushiwe ama-2 (H).
- ✓ Uzowahlanganisa amamaki akho kanje:

Isib. 1

C= 2
H=2
L= 1
05 Lokhu kusho ukuthi (ohlolwayo) uthole imiklomelo eyisi-05 ekufingqeni.

Isib. 2

✓ Ake sithi (ohlolwayo) uthole amaphuzu acashuniwe ama-6 (C) yase ithola iphuzu eli-1 elihunyushiwe.

C= 6
H= 1
L= 1
08

Lokhu kusho ukuthi ohlolwayo uthole imiklomelo eyisi-8 ekufingqeni.

Isib. 3

✓ Ake sithi ohlolwayo uthole amaphuzu ahunyushiwe ama-4 (H) yase ingatholi lutho ekucaphuneni.

H= 4
L= 2
C=0
06

Lokhu kusho ukuthi (ohlolwayo) uthole imiklomelo eyisi-6 ekufingqeni.

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

INDLELA YOKUMAKA

1. **ISIPELINGI/UBHALOMAGAMA**

- Izimpendulo eziyigama elilodwa azinikezwe amamaki noma kunephutha ekubhalweni kwegama ngaphandle uma kushintsha umqondo wegama.
- Uma izimpendulo zingumusho ophelele; abafundi mabaphucwe amamaki uma iphutha liphathelene nokusetshenziswa kolimi.
- Uma impendulo ifuna isifinyezo; makusetshenziswe uphawu olufanele lokuloba/ lokubhala.

2. Ukwakhiwa kwemisho makwenziwe ngendlela kusetshenziswe ulimi olufanele kulandelwe imiyalelo yombuzo.

3. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwezinikeziwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje: A. Nkosikhona noma A okuwuhlamvu oluphelele.)

UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI

3.1 Kukhangiswa iTippy Tap✓ / kukhangiswa umpompi i-Tippy Tap✓ / umpompi wokugeza izandla ✓ /umpompi wokugeza izandla ukuvikela iCorona. ✓ (1)

3.2 Kugxunyekwa izinduku eziyibhaxa zibheke phezulu, ✓ kufakwe induku inqume kabili ezimbaxeni, ✓ kulengiswe isigubhu esigcwele amanzi endukwini, ✓ kuxhunywe isigubhu ngentambo eboshelwe epulangweni phansi lapho kuzonyathelwa khona ukuze isigubhu sitsheke, kwehle amanzi ngesikhathi kugezwa izandla. ✓ Ngaleyo ndlela-ke siyakwazi ukugeza izandla ngamanzi ahambayo/ agelezayo njengokomyalelo wabezempilo.
(Okuthathu kwalokhu) (3)

3.3 Yokuhlamba. ✓ Imisho iyokwehlukana.
Isib.: Ngane yami ngilethele indwangu yami yokuhlamba/yokuwasha ubuso. ✓ (2)

3.4 Inhloso yokubhala amanye amagama ngosonhlamvukazi ukuheha abathengi ✓ kanye nokugcizelela/ ukugqamisa umyalezo oqukethwe yila magama. ✓ (2)

3.5 Ulimi olunxenxayo/ oluhehayo lusetshenziswe kahle kulesi sikhangisi. Kusetshenziswe umbuzo ukwethula igama umpompi. ✓ Kwasetshenziswa amagama afana nalawa ukugcizelela ukuthi awukho omunye umkhiqizo ofana nalona osuke wakhishwa ngaphambili: entsha, eyokuqala. ✓ Izenzukuthi (vo, qathatha, ngqa) ezisetshenziswe ziwugqamisa kakhulu umyalezo wesikhangisi. ✓
(Okubili kwalokhu okungenhla)
Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka. (2)
[10]

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

4.1 Uzwile Angithi? ✓ (1)

4.2 Okufanayo ukuthi kuwona womabili amafreyimi kukhona inja edonsa ibhayisikili elinomfana ogibele kulo. ✓ Umehluko ukuthi efreyimini yesi-2 umfana ogibele ibhayisikili ubonala ejabule ngoba kwenzeka into ayifunayo, uze athi 'Nazo-ke'. ✓ Kweyesi-4 khona-ke ngakolunye uhlangothi wethukile umfana ngenxa yengozi azibona eyongena kuyona njengoba inja isifuna ukuchusha naye othangweni lwezingodo olungase lumlimaze kabi. ✓ (3)

4.3 A✓ / Umuzwa wokuncenga. ✓ (1)

4.4 Umfana ngoba nguyena ozibophele enjeni✓ wase eyinikeza umyalelo wokuthi ayimdonse. ✓ Inja ayinamqondo, ayikwazi ukubona into eyingozi. ✓ (Okubili kwalokhu okungenhla) (3)

4.5 Njengoba umfana nenja bedlala emgwaqeni, bekungaqhamuka imoto ibashayise bafe bobalili✓ kumbe imoto ibashayise bese iyaphaphalaza igingqike kulimale noma kufe abagibeli ✓ / imoto ibingathi izama ukubagwema iphaphalaze bese ishayisana nenye imoto ✓ kulimale noma kufe abagibeli. ✓
Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka. (2)

Ayashoda **[10]**

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

5.1 Lisebenze njengomenziwa ✓ (1)

5.2 Uma umndeni ngamunye ungadla umgxabhiso ungasizakala. ✓ (1)

5.3 Siqukethe umqondo wendawo. ✓ (1)

5.4 umphonsanyoni / umphosanyoni. ✓
Imisho iyokwehluka: Isib. : Umama usebenzisa umphonsanyoni / umphosanyoni ukuphendula uphuthu.
(Imisho iyokwahlukahlukana) (2)

5.5 A✓ / Ukusutha ✓ (1)

5.6 Umuzwa wokuncenga ✓ / wokucela ✓ / wokunxusa. ✓ (1)

5.7 Indlela yesimo ✓ (1)

5.8 * Asiqinise ezitshalweni ukuze siwubone umehluko wempilo. ✓✓ /
* Asiqinise ezitshalweni khona sizowubona umehluko wempilo. ✓✓ /
* Sizowubona umehluko wempilo uma siqinisa ezitshalweni. ✓✓ /
* Sizowubona umehluko wempilo nxa siqinisa ezitshalweni. ✓✓ /
* Sizowubona umehluko wempilo ngakho-ke asiqinise ezitshalweni. ✓✓
(Okukodwa kwalokhu okungenhla) (2)
[10]

Comment [U1]: Akususwe la magama

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30

AMAMAKI ESEWONKE: 70

.